ISOLEZWE (KZN)
07 Feb 2013, p.20

# Sezizoxazululwa masinya ezempesheni

**BONISWA MOHALE**

UMXAZULULI wezindaba zezimpesheni, uNksz Muvhango Lukhaimane, uthi kuyamkhathaza ukubona abantu bekhetha ukumosha imali yabo yempesheni kubameli ekubeni likhona ihhovisi elingabaxazululela izinkinga zabo ngaphandle kokubakhokhisa.

UNksz Lukhaimane (40) uthe imali yabantu yempesheni iphuma isincane ngenxa yokusebenzisa abameli abasuke bebathembise ukuthi bazobafunela imali esikhwameni ngokushesha.

"Ngiyazi ukuthi ihhovisi lami belithatha isikhathi eside ukuxazulula izikhalo ebelizithola kodwa manje sengizibophezele ekutheni zonke izikhalo zizoxazululwa ungakapheli unyaka owodwa emuva kokuba sizitholile," kusho uNksz Lukhaimane.

Echaza ngokubaluleka kokuthi abantu babe nencwadi yefa, uthe iyona esiza abaphethe impesheni yomuntu ukuthi bayicaze kahle.

Uthe uma incwadi yefa iveza ukuthi indoda eshonile ibinonkosikazi, izingane nesinqandamathe ebisinakekela ngokwezimali, bonke labo bantu kufanele babhekelelwe yisikhwama sempesheni yomufi.

"Izinkinga engibhekana nazo uma ngixazulula izinkinga zabantu wukuthi abalethi imininingwane ephelele. Abanye basuke bengenayo incwadi yefa esuke ichaza ukuthi bangaki abantu abathembele kumufi. Okunye okuyinkinga wukuthi abantu bavele baqonde ehhovisi lomxazululi ngaphambi kokukhala esikhwameni semali yempesheni," kusho uNksz Lukhaimane.

Uthe uma inkampani ephethe isikhwama semali yempesheni ingaphenduli umsebenzi osuke esedinga imali yakhe kufanele loyo muntu asondele ehhovisi lakhe.



**UMXAZULULI wezindaba zempesheni uNksz Muvhango Lukhaimane uthi abantu mabayeke ukusebenzisa abameli ababakhokhisa izizumbulu zemali ngoba likhona ihhovisi lakhe elizobasiza mahhala**
**Isithombe: SITHUNYELWE**

"Ngithola ukuthi umuntu ushiya umsebenzi ngo-2010 kodwa kuze kube manje akakhokhelwa imali yakhe yempesheni. Umsebenzi wami wukumtholela leyo mali ngaphandle kokumkhokhisa izindleko ngokwenza lo msebenzi. Abantu kufanele bangahambeli kude nehhovisi lethu ngoba sikhona ukubasiza mahhala," kusho uNksz Lukhaimane.

Ugqugquzele abasebenza nomphakathi ukuba bazimisele emsebenzini wabo bakhumbule ukuthi baningi abantu abathembele kubo.

Umxazululi wezindaba zempesheni utholakala ngokuvakashela u-www.pfa.org.za noma ngokufonela inamba ethi 087 942 2644/011 783 4143.